IZIQONDISO ZOKUFAKA NOKUNAKEKELA

Ukufaka:

- Ungeqeli ngale kwemingcele njengoba kubonisiwe ephepheni lemininingwane, ngokwesibonelo, ubude kanye nomfutho.
- Yendlale ngendlela evezwe ephaketheni layo.
- Imbobo okuphuma kuyo amanzi kumelwe ibheke phezulu epayipini le dripline.
- Gwema ukulimaza idripline lapho uyifaka futhi ungayijiji, uyidonse, uyisike noma uyibhoboze.
- Idripline ingabekwa phezu kwenhlabathi, ngaphansi komanyolo noma ngaphansi kwenhlabathi.
- Sebenzisa amapayipi alinganayo ukuze ugweme ukuvuza nokuhlangana kwamapayipi.
- Idripline kufanele idonseke ngendlela efanele ukuze ikwazi ukunwebeka iphinde inciphe ngenxa yesimo sezulu esishintshashintshayo.
- Lapho kunomoya kungase kudingeke ukuba usebenzise okokubamba ukuze ipayipi linganyakazi liye emaceleni.
- Ipayipi eliyinhloko nelesibili kufanele angabi nalutho ngaphambi kokuxhuma idripline.

Ukufaka ngaphansi kwenhlabathi:

- Idripline kufanele ifakwe umfutho engakapheli amahora angu-24 ifakiwe.
- Qikelela ukuthi ukujula kwanele ukuze ugweme ukulimaza ipayipi lapho usebenza ngamathuluzi okulima uphinde uqikelele ukuthi amanzi ayafika ezimpandeni zesitshalo.
- Sebenzisa ama-velve omoya ukuze ugweme ukusweleka komoya ngaphakathi kwedripline.
- Gwema ukuhlaselwa kwezimpande ngokusebenzisa imithi efanele ebulala ukhula.
- Hlola njalo ukugeleza kwamanzi ekugcineni kwedripline ukuze uqinisekise ukuthi amanzi ageleza kahle, okokuvala ekugcineni kungathathelwa indawo yi-flush valve encane.



Ukunakekela:

- Kutuswa ukuba uwakhiphe njalo amanzi kudripline nakusistimu ye- filtration.
- Amanzi kumelwe ahlanzeke – ufake i-filter efanele, ye-screen, i-disc noma ye-sand.
- Amagundane, izimpande nezinambuzane zingayilimaza idripline, faka izinto zokuvikela ezifanele.
- Sebenzisa kuphela umanyolo oncibilikayo emanzini bese ukhipha konke kusistimu ngaphambi kokucisha.
- Lapho ukhipha idripline ensimini qikelela ukuthi usebenzisa i-spool. Ungawabhanqi amapayipi.
- Ungazami ukuvula izimbobo zepayipi okuphuma kuzo amanzi ngenaliti njengoba kune-emitter engaphakathi kodonga lwepayipi ezolimala.

Afriq Water supplies a full range of dripline fittings to build your drip irrigation system